## IBhayibheli lami lokwenza nokufunda Incwadi-2

**My 2nd Bible Do and Learn Book** is the next level of our Bible-based literacy series. It is based on the Do and Learn method which actively involves learners with all their senses in the learning process. Teaching is made easy through the use of colourful illustrations, icons, **flashcards and activities such as reading, writing, numeracy, drawing and singing.**

IsiZulu Literacy Project
First digital edition 2017

© Bible Society of South Africa 2017

**Author:** SL Zondi

**Editor:** RG Mchunu

All rights reserved. No part of this book may, without prior written permission of the copyright holder, be reproduced or transmitted in any form or by any means, electronic, mechanical or otherwise, either through photocopying, writing, audio recording, or any other system for information storage and retrieval.

Published by the Bible Society of South Africa
PO Box 5500, Tyger Valley 7536, Bellville
www.biblesociety.co.za

ISBN 978-0-7982-2112-2

# Indlela yokusebenzisa le ncwadi yabantwana

Abantwana bafunda ngezwe abahlala futhi bephila kulo besebenzisa lonke ulwazi namakhono abanawo. Izinto ezifana nokulingisa benze, ukusebenzisa amagama, ukusebenzisa amehlo, izindlebe nokunyakazisa imizimba nezandla kanye nezinsiza-kufunda ezibalekelela ekulaleleni nasekubukeni. Lezi zinto ziphinde futhi zibalekelele abantwana ukukhumbula lokho abakufundile. Lokhu kuhlanganisa ukulalela izindaba, izinganekwane, ukuphindaphinda amagama nokuwabiza kahle, ukucula, ukushaya izandla, ukwenza imidlalo, ukulingisa kanye nokunye okuningi. Landelisisa kahle imiyalelo, ikakhulukazi kulezi zifundo zokuqala. Sebenzisa amashadi owasuseka emaphepheni anobukhulu obungu-A3 ukwakha imisho. (Bheka ekhasini eliphakathi nendawo kuyona le ncwadi.)

*Khumbula: Amakhono abalulekile okufunda nokubhala yilawa:*

1. Ukufunda imisindo (ukunyakazisa umzimba nezandla, imifanekiso, izimpawu, njalonjalo).
2. Ukukhetha imisindo emagameni.
3. Ukuhlanganisa imisindo, ukuphimisa nokuhlanganisa imisindo ukuze ikhiphe igama.
4. Ukufunda ukwakheka kwemisindo.
5. Ukufunda ukubhala imisindo namagama.

*Landela imifanekiso!*

Imifanekiso eyizithombe ezingezansi isiza uthisha nabafundi ukulandela imiyalelo yesifundo leso.

 Umsizi kathisha/uthisha uyafunda ukuze achazele abantwana.

 Bheka/buka — abafundi bakhetha/bafuna amagama.

 Ipensela — abafundi bayabhala.

 Khuluma — abafundi baphinda amagama noma baphendule imibuzo.

 Funa bese uyathola — abafundi kufanele bathole izinto noma amagama.

 Ipensela elinombala — abafundi bayadweba noma bafake imibala.

 Masisebenze — iveza umsebenzi noma lokho okwenziwa abafundi.

 Abafundi bashaya izandla bese beyabala.

 Ukuthikha/ukubeka uphawu — abafundi bathikha/babeka uphawu empendulweni abayikhethile.

*Izingeniso ezimbalwa:*

## Isifundo 1: Imvu elahlekile

**Thisha/Msizi kathisha:** Khomba isithombe semvu esekhoneni ngasesandleni sokudla uthi: Leli gama lithi, "imvu". Leli gama linomsindo ongu-"mv". Batshele abantwana baphindaphinde emva kwakho lomsindo othi "mv". Abantwana abalingisele umsindo owenziwa yimvu bese belingisa ukuthi imvu ihamba kanjani futhi ikhala kanjani. Khomba igama elithi "umalusi". Babuze ukuthi wenzani umalusi. Bazokunika izimpendulo.
*Khombisa:* Khetha umalusi ohola izimvu aziyise ekhoneni. Bachazele abafundi "ngokulahlekelwa nokutholakala". Khulumani ngobuhlungu bokulahlekelwa yinto yakho oyithandayo, eyigugu futhi eyinani elikhulu. Lapha ungasebenzisa isicathulo somunye wabafundi noma incwadi njalonjalo. Abafundi ababheke endabeni ukuthi ngabe igama elithi "imvu" livela kangaki.
*Ulimi:* Bafundise ubachazele ngezinkathi: Inkathi yamanje nenkathi edlule. Bahlukanise phakathi abafundi babe amaqembu amabili, iqembu lamanje neqembu eledlule. Bafundele imisho bese beyayiphinda emva kwakho.
*Isikhathi seBhayibheli: Bafundele indaba noma indaba efingqiwe. Ungalisebenzisa leli thuba ukuthi uthandaze kanye nabo abantwana.*
*Ukufunda nokubhala:* Abaqedele amagama abhalwe ngamachofochofo. Bangaqhubeka babhale nasemabhukwini abo uma indawo yokubhala ingeneli. Abafundi abaqale babhale balinganise emoyeni

© Bible Society of South Africa 2017

nasematafuleni/emadesikini abo okufundela ngaphambi kokuthi babhale ezincwadini zabo. Bangabhala nasesihlabathini phansi uma befundela phandle.
*Umsebenzi:* Bafundise iculo elithi: "Baba black sheep".

## Isifundo 2: Udenariyu olahlekile

**Thisha/Msizi kathisha:** Khomba igama elisebhokisini, elithi "udenariyu". Liphimise ulibize leli gama, uthi; "udenariyu" abantwana baliphinde emva kwakho. Phinda wenze njalo nasegameni elithi; "isibani".
*Funda indaba:* Emva kwalokho bakhombise izithombe-magama. Shaya izandla uqale ku-1 kuze kufike ku-10 ube ubiza amanani aleyo naleyo nombolo oyibizayo. "Owesifazane okhathazekileyo useyajabula manje". Ujatshuliswe yini? Bakhombise ukuthi umuntu ojabule wenza njani. (Yenza ubuso bakho obujabulile nobuso obungajabulile.)
*Ulimi:* Gcizelela ubunye nobuningi, isibonelo: Udenariyu olahlekile – Odenariyu abalahlekile.
*Ukufaka imibala:* Mabafake imibala emidwebweni esephepheni.
*Masifunde:* Mabafunde imisho esezansi ephepheni.
*Masibhale:* Mabaqedele umsebenzi osekugcineni ephepheni.
*Isikhathi seBhayibheli:* Funda indaba uthandaze.

## Isifundo 3: Umalusi olungile

**Thisha/Msizi kathisha:** Khomba isithombe sempisi ubuze abantwana ukuthi yini abayibona esithombeni. Leli gama elithi "impisi' abalisho emva kwakho. Abathi belisho wena ube ulikhomba esithombeni. Bakhombise isithombe sesango. Leli gama elithi, "isango" abalisho emva kwakho. Abathi belisho wena ube ulikhomba esithombeni. Banike umsebenzi wokuthi baxoxe ngokubaluleka kwesango emakhaya, esikoleni nakwezinye izindawo abahamba kuzo.
*Ulimi:* Akuxoxwe ngenkathi yamanje nenkathi ezayo kusetshenziwe izibonelo. Elinye iqembu linika umusho osenkathini yamanje, elinye iqembu liphendule ngenkathi ezayo. Isibonelo: Manje ngiyadla. Kusasa ngizodla.
*Ukuzingela amagama:* Thola amagama aphelele kwigridi.
*Isikhathi seBhayibheli:* Funda indaba uthandaze.
*Masifunde:* Masifunde siqedele ukubhala amagama kumachofochofo.
*Umdlalo:* Akwenziwe umdlalo omayelana nempisi.

## Isifundo 4: Indodana yolahleko

**Thisha/Msizi kathisha:** Khomba isithombe sikababa bese ubiza igama elithi; "ubaba" bese abafundi belibiza emva kwakho. Khomba isithombe sendodana bese ubiza igama elithi; "indodana" bese abafundi belibiza emva kwakho. Bacacisele ngomsindo u "b" nomsindo ongu "d". Funda indaba abafundi benze umdlalo belingisa abakuzwe endabeni. Bashintshanise ngokwamaqembu ukuze bonke bathole ithuba lokufunda.
*Ulimi:* Faka amagama angafakiwe.
*Umsebenzi:* Landela imiyalelo.
*Masifunde:* Funda imisho.
*Masibhale:* Asiqedele amagama abhalwe ngamachofochofo.

## Isifundo 5: Ubani okufanele ngimsize?

**Thisha/Msizi kathisha:** Bakhombise isithombe sembongolo, babize igama elithi; "imbongolo" emva kwakho. Bafundise umsindo ongu "mb". Abakhombe umfundisi esithombeni bese bexoxa ngomsebenzi womfundisi. Bafundele indaba.
*Umdlalo:* Bavumele benze umdlalo ngendaba obafundele yona. Bacacisele ubafundise ngezimpawu zikamakhelwane olungile nowusizo.
*Ulimi:* Abakhethe benze uphawu ezimpendulweni abazitholile. Bahlukanise babe amaqembu ehlukene bese bephendula imibuzo. Qikelela ukuthi onke amaqembu azithole zonke izinhlobo zemibuzo.
*Umsebenzi:* Abaqedele bafake amagama ashodayo.
*Masifunde:* Abafunde imisho.
*Masibhale:* Abaqedele amagama abhalwe ngamachofochofo.


© Bible Society of South Africa 2017

## Isifundo 6: Ngaso sonke isikhathi sebenza ngokuzimisela

**Thisha/Msizi kathisha:** Khomba isithombe sikadenariyu, mabaxoxe ngesithombe leso bese ubabuza imibuzo: Nisakhumbula ukuthi igama elithi; "denariyu" ukuthi ngabe lisho ukuthini? Phinda ubakhombise isithombe sabasebenzi. Phimisa noma usho igama elithi "izisebenzi" bese belibiza emva kwakho. Phinda ubachazele ngegama elithi "denariyu" nelithi "izisebenzi".

*Funda indaba:* Veza isithombe ngasinye. Klomelisa umsebenzi owenziwe kahle ngenkanyezi esifubeni.

*Isikhathi seBhayibheli:* Funda indaba eBhayibhelini bese uyathandaza.

*Masibhale:* Siqedela amagama abhalwe ngamachofochofo.

*Ulimi:* Faka amagama ezikhaleni ezishiyiwe. Qondanisa amagama namanani.

Ezinye izindlela zokuthuthukisa ulimi lwesiZulu.

- Ukubhala emoyeni nokubhala esihlabathini ngeminwe yabo.
- Ukuhlela imisho ngokulandelana kwayo.
- Imibuzo: Buza imibuzo enamagama afana nalawa athi; Nini ...? Kungani ...? Kanjani ...? Kanye nelithi Yini ...?
- Ukuxhumana nokusondelana: Isibonelo: Isiphambano esibomvu sisho ukuthi "cha".
- Amagama abekwe odongeni
- Ukushaya izandla nokubala imisindo
- Amafleshikhadi
- Ukudweba
- Ukuqedela imisindo
- Ukubala: Ukubala imigqa/imisho esendabeni. Buza imibuzo efana nalena; "Yiliphi igama lokuqala nelokugcina esifundweni osinikiwe?"
- Ukuxoxa indaba abayizwile noma abayifundile
- Ukufunda kanye kanye nothisha
- Indlela okubizwa ngayo amagama
- Ukusebenzisana kwamaqembu

*Qaphela:* Ungajahi ukuthi abantwana bakho basheshe bakwazi ukufunda ngokusheshisa. Yiba nesineke nokubekezela ubheke izinga abakulo abantwana bakho. Gxilisa imiqondo yabo ezintweni asebekwazi ukuzenza ukuze ukufunda kwabo kubemnandi futhi bakuthokozele.

## Isifundo 7: Ukutshala imbewu

**Thisha/Msizi kathisha:** Inkathi yamanje nenkathi edlule. Bakhuthaze abantwana benze imisho ngalokho abakufundile maqondana nenkathi yamanje nenkathi edlule.

Abaxoxe ngendaba yomhlwanyeli, imbewu kanye nezindawo ezahlukene eyawela kuzo.

- Endleleni
- Edwaleni
- Okhuleni nasemeveni
- Emhlabathini omuhle

Bachazele abantwana ngesifundo nomyalezo walokho okwakushiwo uJesu.

Qala ingxoxo ngokutshalwa

- Kothando
- Kobubele
- Ukukhuluma iqiniso

Enza isiqiniseko sokuthi bonke abantwana bayalibamba iqhaza engxoxweni. Bakhuthaze ukuthi baqale izivande zabo balime batshale bese benakekela lokho abakutshalile.

© Bible Society of South Africa 2017

## Isifundo 8: Izihlahla ezinhle zithela izithelo

**Thisha/Msizi kathisha:** Abaphendule imibuzo ebhalwe encwadini, ungababuza neminye imibuzo engekho encwadini. Abaphendule imibuzo ngokuthi bathi; “yebo” noma “cha”.
*Ingxoxo:* Abakhulume ngesihlahla esasizogawulwa. Ngabe yisiphi isizathu esasizokwenza ukuthi sigawulwe lesi sihlahla? Qikelela ukuthi wonke umntwana uyalithola ithuba lokuphonsa itshe esivivaneni kulo msebenzi.
*Umsebenzi:* Bakhuthaze ukuthi badwebe isihlahla, basifake amagatsha, amaqabunga nezithelo. Bancome uma sebekukhombisa umsebenzi wabo.
*Ukubhala:* Ababhale amagama abhalwe ngamachofochofo.

## Isifundo 9: Akha indlu yakho phezu kwedwala

**Thisha/Msizi kathisha:** Abenze umsebenzi osencwadini. Banike neminye imisho engekho ezincwadini zabo. Bakhuthaze ukuthi bazakhele eyabo imisho. Bachazele ngendaba yendoda eyisiwula eyakha indlu yayo esihlabathini.

*Ukukhuluma:* Abakhulume ngezinhlobonhlobo zezindlu nokuphepha kwazo.

- Amaqhugwane
- Amatende
- Imijondolo
- Izindlu zezitini
- Izindlu zamapulangwe
- Izindlu zotshani

*Umsebenzi:* Abakhe izindlu ngamabhokisi/amakhalibhodi, amabhokisi ezicathulo basebenzise iglu, isikele nezinye izinto zokuhlanganisa.
*Abacule:* Bafundise iculo ngendoda ehlakaniphileyo.
*Ukubhala:* Abaqedele amagama abhalwe ngamachofochofo.

## Isifundo 10: Izintombi eziyishumi

**Thisha/Msizi kathisha:** Uma usubafundelile indaba, bachazele ngesifundo esitholakala kuleyo ndaba. Ungakhetha phakathi kwabo abantwana babe ishumi bazame ukulingisa benze umdlalo ngaleyo ndaba obafundele yona. Abenze izibani ngamaphepha.

Bachazele amagama afana nalawa alandelayo:

- Ukuhlakanipha
- Iziwula
- Ukujula
- Umyeni/umkhwenyana
- Umshado


*Umsebenzi:* Bakhuthaze benze iwashi ngamaphepha balifake izingalo.
*Ulimi:* Abakhulume ngolwazi-magama abalutholile kulesi sifundo. Bangakhuluma nangamanye amagama angatholakali kule ndaba kodwa ahlobene nalokho okukhulunywa kule ndaba.
*Ukubala:* Abenze umsebenzi wezibalo osencwadini yabo ukuze bakwazi ukubala.



Siza ungayijahi le ncwadi. Uma kukhona okusengathi kuyabahlula abantwana bekezela ukuphinde baze bakuqonde. Vumela abafundi bakho benze lokho abanamandla okukwenza, nangesivinini esivumelana nabo. Bakhuthaze ubancome kakhulu kulokho abakwazi ukukwenza. Ungakhohlwa ukuthi bafunda ngokudlala nangokuthandaza!


© Bible Society of South Africa 2017

# 1. Imvu elahlekile



imvu



umalusi

Bheka Umsebenzi Yisho : yalahleka / yatholakala

Inkathi yamanje nenkathi edlule

| Inkathi Yamanje: manje! | Inkathi Edlule! |
| --- | --- |
| Ngiyalahlekelwa. | Ngalahlekelwa / Ngilahlekeliwe. |
| Ngiyafuna. | Ngafuna / Ngifunile. |
| Ngiyathola. | Ngathola / Ngitholile. |
| Ngiyahamba. | Ngahamba / Ngihambile. |

UJesu wathi: Umalusi wayenezimvu eziyikhulu kwase kulahleka eyodwa kuzona.

10 20 30 40 50 60 70 80 90 100

Wenzani? Uyazishiya izimvu ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye emadlelweni ayobheka imvu eyodwa elahlekile.


© Bible Society of South Africa 2017


# Uze abize zonke izihlobo zakhe athi:

Ngiyajabula! Ngiyitholile imvu yami ebilahlekile. Masijabule sonke.



Siza umalusi athole izimvu zakhe:





NgokukaLuka 15:4-7

Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye kuzo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo, aze ayithole, na? Athi eseyitholile, ayetshathe ethokoza. Esefike ekhaya ameme abahlobo nabakhelwane, athi kubo: Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile. Ngithi kini: Kanjalo kuyakuba khona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo, kunabalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abangasweli ukuphenduka.


© Bible Society of South Africa 2017

# 2. Udenariyu olahlekile








Bheka Umsebenzi Yisho : funa / biza / thola

Unkosikazi othile ohluphekayo onodenariyu abalishumi walahlekelwa udenariyu owodwa. Ukhanyisa isibani aze ashayele indlu yakhe. Ubheka afune kuyo yonke indawo aze awuthole.

Ubiza bonke abangani nabahlobo bakhe athi kubo:




Ngiyajabula. Ngiwutholile udenariyu wami. Jabulani kanye nami.

Ufakwa kuphi u "ya" kule misho elandelayo?


| Uma kukhulunywa ngomuntu oyedwa | Uma kukhulunywa ngabantu abaningi |
|---|---|
| Unkosikazi u_lahlekelwa. | Amakhosikazi a_lahlekelwa. |
| Unkosikazi u_shayela. | Amakhosikazi a_shayela. |
| Unkosikazi u_funa. | Amakhosikazi a_funa. |
| Unkosikazi u_thola. | Amakhosikazi a_thola. |

© Bible Society of South Africa 2017

## Faka umbala uma uthola udenariyu olahlekile:




Uphi udenariyu?



NgokukaLuka 15:8-10

Ngabe udenariyu usekhabetheni?

.....................................................................

Ngabe udenariyu uphezu kwekhabethe?

Yebo, udenariyu u.................................. kwekhabethe.

## Asibhale phezu kwamachashazi:


Funa udenariyu olahlekile.



© Bible Society of South Africa 2017

# 3. Umalusi olungile


impisi


isango

Bheka Umsebenzi Yisho : ilungile / ayilungile

Inkathi yamanje nenkathi ezayo

| Manje! Inkathi Yamanje | Kusasa! Inkathi Ezayo |
| --- | --- |
| Manje izimvu ziyahamba. | Kusasa izimvu zizohamba. |
| Manje izimvu ziyabaleka. | Kusasa izimvu zizobaleka. |
| Manje impisi iyazibamba. | Kusasa impisi izozibamba. |

UJesu wathi:

Indoda engangeni ngesango lesibaya sezimvu yisela.

Indoda engena ngesango ngumalusi.

Izimvu ziyalazi izwi lakhe. Ziyamlandela.

Azimlandeli omunye umuntu. Ziyambalekela.

Umalusi ongalungile akazikhathaleli izimvu zakhe.






Uyabaleka uma kuza impisi. Impisi izibambe.

UJesu waphinda wathi:



Ngingumalusi omuhle.
Ngiyazazi izimvu zami
nazo ziyalazi iphimbo lami.
Ngidela ukuphila kwami
ngenxa yezimvu zami.



NgokukaJohane
10:1-16

Asifune sithole lawa magama angezansi bese siyawakokelezela:

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| p | t | i | s | a | n | g | o |
| l | h | i | m | p | i | s | i |
| a | a | y | i | t | t | l | z |
| n | n | a | z | h | p | u | m |
| d | d | z | i | o | a | n | n |
| e | a | i | m | l | n | g | k |
| l | x | b | v | a | b | a | h |
| a | o | c | u | a | o | x | v |

isango
landela
thola
impisi
yazi
thanda
lunga
izimvu

Asibhale lawa magama anamachofochofo:

Ngiyazazi ezami izimvu.



© Bible Society of South Africa 2017

# 4. Indodana yolahleko


ubaba


amadodana

Bheka Umsebenzi Yisho : ulambile / unomsindo

## Inkathi yamanje nenkathi edlule


| Manje: Inkathi Yamanje | Izolo: Inkathi Edlule |
|---|---|
| Indodana encane iyayifuna manje imali yayo. | Indodana encane iyifunile imali. |
| Indodana encane iyahamba manje. | Indodana encane ihambile. |
| Ubaba uyayinika indodana imali. | Ubaba uyinikile indodana imali. |
| Indodana iyayisebenzisa manje imali yayo. | Indodana iyichithile imali yayo. |
| Indodana encane iyalamba. | Indodana encane ibilambile. |


Wayesethi: Umuntu othile wayenamadodana amabili. Encane yawo yayisithi kuyise: Baba, nginike isabelo sefa  esiqondene nami; wawahlukanisela  impahla . Kwathi emva kwezinsuku ezingeziningi indodana encane yayisibutha konke, yamuka, yaya ezweni

© Bible Society of South Africa 2017



elikude, yachitha khona imfuyo yayo ihamba ngokonakala. Isisaphaze konke, kwavela indlala enkulu kulelo zwe; yaqala ukuswela. Yayisiya kukhonza komunye umuntu walelo zwe; yena wayithuma emadlelweni akhe ukuba yaluse izingulube. Yafisa ukuzisuthisa ngemidumba edliwa yizingulube; kepha kayiphiwanga muntu.








Ngilambile! Ngisize ungiphe ukudla kwezingulube.

Hhayi, lokhu ukudla kwezingulube, akusikho okwabantu.



Wakhala wathi:



Zingaki izisebenzi zikababa ezinokudla okuningi, kanti mina ngiyafa yindlala lapha. Ngiyakusuka, ngiye kubaba, ngithi: Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho; angisafanele ukuthiwa indodana yakho; ngenze ngibe njengomunye wezisebenzi zakho.



© Bible Society of South Africa 2017





Yayisisuka, yafika kuyise; kepha kuthe isekude, uyise wayibona, waba nesihe, wagijima, wayisingatha entanyeni, wayanga.

Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho; angisafanele ukuthiwa indodana yakho.



Kepha uyise wathi ezincekwini zakhe:



Sheshani nikhiphe ingubo enhle kunazo zonke, niyembathise, nifake indandatho esandleni sayo nezicathulo ezinyaweni, nilethe ithole elikhuluphalisiweyo, nilihlabe, sidle, sijabule.



Indodana endala yacasuka kakhulu:





Bheka, iminyaka engaka ngikukhonzile; angizange ngeqe umyalo wakho, kepha mina awuzange ungiphe nazinyane lembuzi ukuba ngijabule nabahlobo bami. Kodwa kuthe ukuba ifike leyo ndodana yakho eqede imfuyo yakho nezifebe, wayihlabisa ithole elikhuluphalisiweyo.

© Bible Society of South Africa 2017

# Uyise wathi:

Mntanami, wena uhlala nami njalo; konke okwami kungokwakho. Kepha simelwe ukujabula, sithokoze, ngokuba umfowenu lo wayefile, wabuye waphila; wayelahlekile, sewatholakala.





NgokukaLuka
15:11-32

Kunjalo nakuNkulunkulu uyajabula uma sithatha indlela ebuyela kuye.



## Umsebenzi: Umndeni wami


- Yenza umdwebo womndeni noma abangani bakho obathandayo.
- Yenza umndeni oyiphaphethi. Thola amabhodi ayindilinga ethoyilethiphepha, iglu, ikhrayoni, iwuli, imicwi yamaphepha ayimibalabala, amabhuku noma amaphephandaba asikiwe lapho kuzosikwa khona ubuso bomndeni. Yenza umndeni ngokuthi ufake ubuso kwilunga ngalinye lomndeni. Sebenzisa iwuli noma imicwi yephepha ukwenza izinwele. Amanye amalunga awabe made amanye abe mafushane. Waqambe amagama.






© Bible Society of South Africa 2017

# 5. Ubani okufanele ngimsize?


imbongolo


umfundisi

Bheka Umsebenzi Yisho : wahamba / wabona / wasuka kuphi?


Inkathi yamanje nenkathi edlule

| Inkathi Yamanje: manje | Inkathi Edlule: izolo, kudala. |
|---|---|
| Ngiyasiza manje. | Ngimsizile. |
| Namhlanje uyahamba. | Izolo uhambile. |
| Zonke izinsuku bayabhukuda. | Ngesonto elidlule babhukudile. |
| Manje izigebengu ziyahlasela. | Izolo izigebengu zihlaselile. |


Indoda ethile yayihamba isuka kwelinye idolobha iya kwelinye.



Endleleni yahlaselwa izigcwelegcwele.


Zayishaya zayishiya endleleni.


Kwadlula umfundisi kuleyo ndlela.


Wayibona indoda ilimele kodwa akangayisiza.

UmLevi wadlula ngaleyo ndlela. Naye


wayibona indoda ilimele.

© Bible Society of South Africa 2017


Naye umLevi akazange ayisize.



Akuwona umsebenzi wami ukumsiza.



Kepha umSamariya olungileyo owayesendleleni wafika kuye; wathi ukuba



ambone, wamhawukela.

Awu Nkosi yami! Le ndoda ilimele! Angiyisize!





Kepha umSamariya olungileyo owayesendleleni wafika kuye; wathi ukuba ambone, wamhawukela; waya kuye, wabopha amanxeba akhe ewathela ngamafutha newayini, wamkhwelisa esilwaneni sakhe,




wamusa endlini yezihambi, wamgcina.



UJesu wabuza:

Ngubani kulaba abathathu owaba ngumakhelwane wakhe?



NgokukaLuka
10:30-37

Abantu bathi:



NgumSamariya olungileyo owamsiza.



Wayesethi uJesu: Hamba wenze njalo nawe.




© Bible Society of South Africa 2017

## Khetha impendulo okuyiyonayona:

Ngubani owahlaselwa yizigcwelegcwele?

☐ ngumfundisi ☐ yindoda ☐ ngumhambi

Bamshiya kuphi?



☐ endlini ☐ endleleni



Ngubani owadlula ngakuye?


☐ ngumhambi ☐ NgumSamariya olungileyo



Wasizwa ngubani?

☐ ngumfundisi ☐ NgumSamariya olungileyo

Wamusa kuphi?



☐ ethempelini ☐ endlini yezihambi

## Yakha imibuzo ngala magama: ngubani?, ini?, kuphi? Isibonelo:

| | |
|---|---|
| Indoda yayiya edolobheni. | Ngubani owayeya edolobheni? |
| Izigebengu zayishaya. | Ngabe zenza............................... izigcwelegcwele kule ndoda? |
| UmSamariya olungileyo wayisiza. | ................ owayisiza le ndoda na? |
| Wayihambisa endlini yezihambi le ndoda umSamariya olungileyo. | Wayihambisa.................. le ndoda umSamariya olungileyo? |

© Bible Society of South Africa 2017

# 6. Ngaso sonke isikhathi sebenza ngokuzimisela




izisebenzi

Bheka Umsebenzi Yisho : eyokuqala / eyesibili / eyesithathu



Inkathi yamanje nenkathi ezayo

| Inkathi Yamanje! | Inkathi Ezayo! |
| --- | --- |
| Umfana udlala ibhola. | Umfana uzodlala ibhola. |
| Ugogo upheka ukudla. | Ugogo uzopheka ukudla. |
| Ubaba ushayela imoto. | Ubaba uzoshayela imoto. |
| Umama ugeza ingane. | Umama uzogeza ingane. |



NgokukaMathewu 25:14-28

Ngokuba kunjengomuntu owathi eyakuhambela kwelinye izwe wabiza izinceku zakhe, wazinika impahla yakhe.





Eyokuqala wayinika amatalenta ayisihlanu. Eyesibili aba mabili, eyesithathu laba linye. Lowo obamukele amatalenta ayisihlanu wahamba masinyane, wasebenza ngawo.

© Bible Society of South Africa 2017

Inceku yokuqala yamatalenta amahlanu yazuza amanye amatalenta ayisihlanu.

$$5 + 5 = \square$$

Inceku yesibili yamatalenta amabili yazuza amanye amatalenta amabili.

$$2 + 2 = \square$$

Inceku yesithathu enetalenta elilodwa yalimbela emhlabathini yaligqiba.

$$1 + 0 = \square$$

Umninimuzi wabuya wababuza:
"Nenzeni ngamatalenta engininike wona na?"
Weza obamukele amatalenta ayisihlanu, waletha amanye amatalenta ayisihlanu, wathi: "Nkosi, wanginika amatalenta ayisihlanu; bheka, ngizuze amanye amatalenta ayisihlanu ngaphezulu."
Inkosi yakhe yathi kuye: "Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni


© Bible Society of South Africa 2017

eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho."

Weza nobamukele amatalenta amabili, wathi: "Nkosi, wanginika amatalenta amabili; bheka, ngizuze amanye amatalenta amabili."

Inkosi yakhe yathi kuye: "Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho."

Weza wabuza kowesithathu owamukele italenta elilondwa-1, wabuza wathi, "Wenzeni wena ngetalenta elilodwa engikunike lona?"

Kepha weza nobamukele italenta lalinye, wathi: "Nkosi, bengikwazi ukuthi ungumuntu olukhuni; uvuna lapho ungahlwanyelanga khona, ubutha lapho ungafazanga khona; ngesaba, ngaya ngalithukusa emhlabathini

© Bible Society of South Africa 2017

italenta lakho; bheka, nakhu okwakho."
Kepha inkosi yakhe yaphendula, yathi kuye: "Nceku embi nevilaphayo. Ngakho-ke mamukeni italenta, nilinike onamatalenta ayishumi."


Wonke umuntu osebenza ngokuzimisela, uyakubongwa phezulu. Labo abavilaphayo bayokulahlekelwa okuncane abanako.


Masibheke lezi zinombolo bese sifunda amagama:

| | | | |
|---|---|---|---|
| • | 1 | kunye | kune |
| •• | 2 | kubili | kuhlanu |
| ••• | 3 | kuthathu | isishiyagalolunye |
| •••• | 4 | kune | isithupha |
| ••••• | 5 | kuhlanu | ishumi |
| •••••• | 6 | isithupha | kuthathu |
| ••••••• | 7 | isikhombisa | isishiyagalombili |
| •••••••• | 8 | isishiyagalombili | kunye |
| ••••••••• | 9 | isishiyagalolunye | isikhombisa |
| •••••••••• | 10 | ishumi | kubili |


© Bible Society of South Africa 2017

# 7. Ukutshala imbewu




Bheka Umsebenzi Yisho : tshala / thola

## Inkathi yamanje nenkathi edlule

| Manje | Inkathi Edlule |
| --- | --- |
| Namhlanje umhlwanyeli uyahlwanyela. | Izolo umhlwanyeli ubehlwanyela. |
| Manje imbewu iyawa. | Izolo imbewu iwile. |
| Manje izinyoni zidla imbewu. | Izolo izinyoni zidle imbewu. |
| Njalo ngonyaka imbewu iyakhula. | Ngonyaka odlule imbewu ikhulile. |

Umhlwanyeli waphuma waya kohlwanyela imbewu. Enye imbewu yawela endleleni. Izinyoni zafika zayidla imbewu.
Enye imbewu yawela edwaleni. Enye yayo imbewu yaqala ukukhula.
Kodwa ayizange ithole amanzi yashesha yoma.
Enye imbewu yawela okhuleni nasemeveni.

© Bible Society of South Africa 2017

Kwakungekho ndawo yokuthi izitshalo zikhule. Enye imbewu yawela emhlabathini omuhle. Izitshalo zakhula, zabheka phambili. Zanda kalikhulu ngaphezu kokuba umhlwanyeli ezihlwanyele.

Weza wathi uJesu: Yilowo nalowo olizwa izwi lombuso engaliqondi ufikelwa ngomubi ohlwitha okuhlwanyelwe enhliziyweni yakhe. Yilowo ohlwanyelwe ngasendleleni.




Ohlwanyelwe edwaleni nguye olizwa izwi, alamukele masinyane ngokuthokoza; kepha kanampande phakathi kwakhe, kodwa uhlala isikhashana nje, kuthi sekuvele ukuhlupheka nokuzingelwa ngenxa yezwi, akhubeke masinyane.


© Bible Society of South Africa 2017

Futhi-ke ohlwanyelwe emeveni nguye olizwa izwi, kepha iminako yalesi sikhathi nokukhohlisa kwengcebo kuminyanisa izwi, abe ngongatheliyo enhliziyweni.

Kepha ohlwanyelwe emhlabathini omuhle nguye olizwa izwi enhliziyweni, aliqonde, athele impela isithelo, omunye aveze ngekhulu, omunye ngamashumi ayisithupha, omunye ngamashumi amathathu.



NgokukaMathewu 13:1-9,18-23

Iyiphi imbewu etshalwe kuqala?


Beka imbewu ngokulandelana kusuka ku 1-4:

| | | | |
|---|---|---|---|
| | Enye imbewu yawela phakathi kokhula nameva. | | Enye imbewu yawela edwaleni. |
| | Enye imbewu yawela emhlabathini omuhle. | 1 | Enye imbewu yawela ngasendleleni. |

© Bible Society of South Africa 2017

Ingxoxo: Ukutshala ezingadini zethu.
Sitshale hlobo luni lwembewu?


Faka imibala emifanekisweni:





Umsebenzi: Asitshale imbewu ezitsheni ezincane noma ezinkomishini. Lo ngumsebenzi wesikhathi eside. Asibhale la magama. “Uthando”, “Ukuxolela”, “Ububele”.


© Bible Society of South Africa 2017

# 8. Izihlahla ezinhle zithela izithelo


sinezithelo


isihlahla

Bheka Umsebenzi Yisho : umkhiwane / amagrebhisi

Yenza + musa ukwenza; iyenza + ayenzi

| Imibuzo | Izimpendulo |
|---|---|
| Ngabe umkhiwane uyakhula ezihlahleni ezinameva? | Cha, awukhuli. |
| Ngabe isihlahla esibi siyakwazi yini ukuthela izithelo ezinhle? | Cha, asikwazi. |
| Ngabe izihlahla ezinhle ziyakwazi ukuthela izithelo ezinhle? | Yebo, ziyakwazi. |
| Ngabe indoda engaziphethe kahle ingakwazi ukwenza imisebenzi emihle? | Cha, ayikwazi. |


Ngelinye ilanga uJesu wathi: "Isihlahla esihle asitheli izithelo ezimbi.
Kanjalo futhi nesihlahla esibi asitheli izithelo ezinhle. Yileso naleso sihlahla sinezithelo zaso."
Umkhiwane awukhuli ezihlahleni.
Umuntu olungile uveza ukulunga kwakhe

© Bible Society of South Africa 2017

okusenhliziyweni.

Umuntu ongalungile uveza ukungalungi kwakhe okusenhliziyweni.

Umlomo ukukhuluma ngokuvama kwenhliziyo.



NgokukaLuka 6:43-45

Asiphendule imibuzo ngokuthi sithi: Yebo noma Cha

Ngabe isihlahla esihle sithela izithelo ezinhle?

................ , isihlahla esihle .............. izithelo ezinhle.

Ngabe isihlahla esinameva siyawathela yini amapheya?

............... , isihlahla esinameva ............................. amapheya.

Ngabe umkhiwane ukhula esihlahleni somkhiwane?

............... , umkhiwane ......................... esihlahleni somkhiwane.

Ngabe amagilebhisi akhula esihlahleni somkhiwane?

............... , amagilebhisi ....................... esihlahleni somkhiwane.



UJesu wayesebalandisa lo mfanekiso wokuthi:




Umuntu othile wayenomkhiwane utshalwe esivinini sakhe; weza efuna isithelo kuwo,



© Bible Society of South Africa 2017

akasifumananga. Wayesethi kuso isisebenzi sesivini: "Bheka, sekuyiminyaka emithathu ngiza ngifuna isithelo kulo mkhiwane, ngingasifumani; wunqume; yini ukuba uyone futhi inhlabathi?"

Sona isisebenzi, sathi kuye: "Nkosi, wuyeke nangalo mnyaka, ngize ngivukuze inhlabathi emaceleni awo, ngiwuthelele umquba; mhlawumbe ungaze uthele ngozayo; kepha uma kungenjalo, wowunquma."



NgokukaLuka
13:6-9

  Asikhulume:


1. Yini eyayenza ukuthi umnini womkhiwane afune ukuwunquma?
2. Ucabanga ukuthi umkhiwane kwakufanele unikwe omunye unyaka?
3. Wena ucabanga ukuthi unaziphi izithelo?

© Bible Society of South Africa 2017

Ake sithole umkhiwane. Mingaki imikhiwane ekhona? ☐

Asiqedele isihlahla ngokuhlanganisa amanani.

Asifake umbala esihlahleni.





Asiqedele amagama angamachofochofo:

UNkulunkulu uhlale esinika
ithuba lokuthi siphenduke.


© Bible Society of South Africa 2017

# 9. Akha indlu yakho phezu kwedwala


indlu


amadwala

Bheka Umsebenzi Yisho : ukujula / inamandla

Funda lokhu:

| Inkathi Yamanje | Inkathi Edlule | Inkathi Yamanje | Inkathi Edlule |
|---|---|---|---|
| akha | wakha | beka | wabeka |
| phephetha | waphephetha | yiza | weza |


Ubukhulu nokuhlakanipha kukaNkulunkulu bufana nendoda ehlakaniphile eyakha indlu yayo phezu kwedwala.
Wamba wajula wabeka isisekelo esiqinile.
Yathi ifika imvula kuvunguza umoya, indlu yakhe ayiwanga.
Kodwa yilowo owezwa lawa mazwi ami, angawenzi, uyakufaniswa nendoda eyisiwula eyakha indlu yayo phezu kwesihlabathi.
Kuyakuthi uma kuna imvula leyo ndlu idilike.

© Bible Society of South Africa 2017

## Imisebenzi ongakhetha kuyo:

1. Xoxa ngezinhlobo zezindlu. Isibonelo: itende, amaqhugwane, imijondolo noma izindlu zesitini. Yini eyenza indlu ivikeleke?
2. Akha indlu usebenzise izinto ezinjengebhokisi: amabhokisi amaqanda noma amabhokisi ezicathulo. Funa iglu, isikele namakhrayoni.

## Hlabelela le ngoma:



NgokukaMathewu 7:24-27

### Indoda ehlakaniphile yakha umuzi wayo

Indoda ehlakaniphile yakha umuzi wayo edwaleni (3x)
Yana imvula
Yana imvula zeza izikhukhula zakhuphuka (3x)
Kodwa indlu yendoda ehlakaniphile yama!
Indoda eyisiwula yakha indlu yayo esihlabathini (3x)
Yana imvula.
Yana imvula zeza izikhukhula zakhuphuka (3x)
Kodwa indlu yendoda eyisiwula yadilika!
Ngakho-ke, yakha indlu yakho phezu kweDwala elingu
Jesu Krestu (3x)
Izibusiso zizogcwala.


Copyright: Unknown


© Bible Society of South Africa 2017

# 10. Izintombi eziyishumi



izibani



umnyango


Bheka Umsebenzi Yisho : izihlakaniphi / iziwula




Izintombi eziyishumi zazilindele umyeni.
Zathatha izibani zazo zalinda.
Ezinhlanu kuzo aziwafakanga amafutha ezibanini zazo. Zaziyiziwula.
Ezinhlanu kuzo zazihlakaniphile. Zazinawo amafutha ezibanini zazo.
Kwafika ukuhlwa izintombi zozela zalala.
Phakathi kobusuku zezwa sekuthiwa: "Nangu umyeni eza! Phumani nimhlangabeze!"
Izintombi ezinhlanu ezihlakaniphile zakhanyisa izibani zazo.

© Bible Society of South Africa 2017

Izintombi ezinhlanu eziyiziwula zathi: “Izibani zethu ziyacima. Sipheni amafutha.”




Zisaya kuthenga amafutha.
Wafika umyeni. Ezazilungele zangena naye emshadweni; kwavalwa emnyango.
Ngasemuva zafika nezinye izintombi, zathi: “Nkosi, nkosi, sivulele.”
Kepha waphendula wathi: “Ngiqinisile ngithi kini: Anginazi.”



NgokukaMathewu
25:1-13

“Ngakho lindani, ngokuba anilwazi usuku nehora.”


© Bible Society of South Africa 2017

## Imibuzo:



Ubani isikhathi manje

Isikhathi manje imizuzu eyi.................... .

ngemuva kwensimbi ye.................... .



Zingaki izintombi ezazinamafutha ezibanini zazo?

Izintombi ezinamafutha zazi .................... .

Ngabe wafika ngasikhathi sini umyeni?

Umyeni wafika .................... .



Ngabe wathini uJesu ngesikhathi azobuya ngaso Yena?

UJesu wathi .......................... .



Ngabe wafika ngasikhathi sini umyeni?

Umyeni wafika .................. .

Ingabe izintombi ezozela zafika ngesikhathi emshadweni?

Cha, azifikanga ngesikhathi.

Zifike nge..................... .

## Umsebenzi:

Asenze ubuso bewashi nezingalo zalo. Sizolokhu sizinyakazisa izingalo zewashi ukukhombiza izikhathi ezahlukahlukene ukuphendula imibuzo engenhla.

© Bible Society of South Africa 2017

Funda le nkondlo elandelayo. Bheka umsindo nokubhalwa kwamagama anombala. Qhathanisa uhlanganise amazwi afanele:

Umlolozelo wokubala:

| | |
|---|---|
| Kunye kubili. | ziyish__i |
| Ilanga kwathiwa imini. | olukh__u |
| Kuthathu kune, | izinto__i |
| Abantu ngabeNkosi. | mkh__u |
| Kuhlanu, yisithupha, nesikhombisa, | im__i |
| Izintombi zilele. | kutha__u |
| Izinkuni, isishiyagalombili, | aba__u |
| Yisishiyagalolunye, ziyishumi, | nesikho__isa |
| Mkhulu! | izink__i |
| UJesu uzobuya ngosuku olukhulu. | kub__i |

Asibhale amazwi anamachofochofo:

Hlalani nilindile ngezikhathi zonke.



© Bible Society of South Africa 2017

## Emagameni usebenzisa izindebe, ulimi namazinyo

| Sh | Mb | Mp |
|---|---|---|
| okusha | umbila | impama |
| shesha | umbala | impisi |
| ishumi | umbuzo | impongo |

## Amagama aphikisanayo

Abafundi abalandele ngemuva kukathisha besho amagama:

| | | |
|---|---|---|
| Ukukhathazeka | > | Ukujabula |
| Ilahlekile | > | Itholakele |
| Ilungile | > | Ayilungile |
| Uhlakaniphile | > | Uyisiwula |

## Imisebenzi yezibalo

Iliphi inani elilandelayo?

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10 11 12 13 14 15 16 17 18 19 20 21 22 23 24 25

1 3 5 ☐ ☐ ☐☐ ☐☐ ☐☐ ☐☐ 19

Bhala izinombolo ezishiyana ngokubili uze ufike emshumini amabili.

2 4 6 ☐ ☐☐ ☐☐ ☐☐ ☐☐ ☐☐ 20

Lapha izinombolo ezishiyana ngoku---phakathi kwenye nenye.


2 5 8 ☐☐ 14 ☐☐ ☐☐ ☐☐

Lapha kukhona umehluko we---phakathi kwelinye inani nelinye inani.

© Bible Society of South Africa 2017



Le ncwadi isochungechungeni lwezincwadi zokufunda. Ifundisa ubuciko bokufunda ngezindaba ezazixoxwa uJesu ngobukhulu bukaNkulunkulu. Isekeleke kwinqubo yokuFunda noKwenza ehlanganisa konke ukuhlakanipha nokukwazi kwabafundi ukufunda. Ukufundisa kwenziwa kube lula ngokusebenzisa imifanekiso egqamileyo, amashadi nemisebenzi efana nokufunda, ukubhala, izibalo, ukudweba nokucula. Le ncwadi ihlanganisa umhlahlandlela kathisha, izindlela zokufundisa kanye namashadi.







Distributed by the Bible Society of South Africa
www.biblesociety.co.za
United Bible Societies is an NGO partner with UNESCO.